**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI ENGOLOTSHE KWANONGOMA MHLAKA 20 APRIL 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Njengoba size lapha sazi kahle ukuthi wonke umuntu usebheke ngabomvu ukhetho.  Kodwa njengabavoti, ninike uhulumeni wethu wentando yeningi amandla okusebenzisa izimali zenu ukwakha izinhlelo eziphusile zokulwa nokungalingani nokulwa. Lokhu kumele kwenzeke kuze kube umzuzu wokugcina wokuphatha kwalo hulumeni.

- Kumele izimali zifinyelele emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti.

- Njengohulumeni sizoqhubeka nokwenza konke okusemandleni ukulekelela imiphakathi yakithi kulezo zinselelo ebhekene nazo ezindaweni zabo. Okusempeleni njengabakhokhi bentela yinina enikhokhela ithuthuko elethwa kunina.

- Yingakho namhlanje siphendula isoyi lokwakhiwa komgwaqo nebhuloho okuzodla imali engaphezulu kuka-R8 million. Umsebenzi wokwakha uzodala amathuba emisebenzi kubantu bendawo kungene nemali endaweni.

- Kuzokuba ngokokuqala ukuba kube nomgwaqo kule ndawo njengoba kunendlela yezinyawo kuphela. Uma lina izulu abantu kuhlanganisa nabafundi baseNondumiso High School nabaya emtholampilo bayahluleka ukuwela umfula iMona.

- Lokhu kuzokwengeza phezu kuka-R1,5 billion uMnyango wezokuThutha owufake eZululand ukubhekana nenselelo yengqalasizinda kule minyaka emihlanu edlule. Siyazi ukuthi iZululand ingenye yezindawo esifundazweni ezibekwe phambili ekulethweni

- Kule minyaka emihlanu edlule uMnyango uqhamuke nezinhlelo eziningi ezihlanganisa, phakathi kokunye, u-Operation Kushunquthuli, imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni, uSiyazenzela, usoseshini wabagibeli, i-Transport Academy ne-Road Monitoring Programme.

- Nakuba izinhlelo ezingenhla zihamba kahle kwezinye izingxenye zesifundazwe, ngeshwa kunabesilisa, abesimame nentsha KwaNongoma asebelahlekelwe ithuba lokulwa nendlala nokuxosha ikati eziko.

- Ngaphandle kokunanaza, ubuholi bukamasipala bukhahlele ngazo zombili uhlelo lukaSiyazenzela ngemuva kwezivumelwano eziningi nesifundazwe. Asazike noma bajabuliswa ukubona ububha nokuntuleka kwemisebenzi okukhungethe imiphakathi.

- Kodwa iqiniso lithi lapha kuphazanyiswe amathuba amaningi emindenini ngenxa yepolitiki nemfundisoze.

- Ngithanda ukubonga nabo bonke esisebenzisana nabo eMnyangweni wezokuThutha abalokhu beqinisekisa ukuthi sihamba ngomgudu owodwa njengomndeni wezokuthutha selokhu ngaqokelwa ukuba nguNgqongqoshe walo Mnyango. Imisebenzi iyabonakala.
- Sisazolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli ukuze ekugcineni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

- Okokugcina, sithatha leli thuba ukuhalalisela umphakathi waKwaZulu-Natal ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazolethwa kuwona. UMnyango wezokuThutha uzahlale unisebenzela uqinisekise ukuthi izimpilo zenu ziba ngcono.

- Masihambe siyovota ngendlela eyiyo.

**Ngiyabonga**